

Brambles

INqubomgomo Yezezinkundla Zokuxhumana

Brambles Limited

Ibukeziwe: 1 kuMasingana 2020

Uhlelo 2.0

INQUBOMGOMO YEZEZINKUNDLA ZOKUXHUMANANA

Ukubukezwa kwenqubomgomo

Abakwa-Brambles bayakuvuma ukuthi izinkundla zezokuxhumana ziyithuluzi elisebenzayo lokusabalalisa ulwazi nemibono nemindeni, abangani, nemiphakathi emhlabeni wonke, nokuthi ziya ngokuya ziba yinkundla yokuxhumana phakathi kwezinkampani namabhizinisi. Nokho, ukusetshenziswa kwezinkundla zezokuxhumana kuletha nobungozi obuthile ngako kuhamba nezibopho ezithile. Ukuze yelekelele abasebenzi benze izinqubo ezilungile mayelana nokusebenzisa kwab izinkundla zezokuxhumana, abakwa-brambles basungule le nqubomgomo. Yenzelwe ukuvikela izintshisekelo zenkampani, abasebenzi bayo namakhasimende ayo kanjalo nabahlinzeki bayo, ukuze kuqinisekiswa ukuthi noma yikuphi ukubalwa kwabakwa-Brambles noma izinkampani azingaphansi kwabo kungephuli izimfuno zokugcinwa kolwazi oluyimfihlo, kanye futhi nokuqinisekiswa kokuthotshelwa kweMigomo Yokuziphatha Okuhle yakwa-Brambles kanjalo NeNqubomgomo Yokudalula Okuqhubekayo kanye Nezokuxhumana.

INqubomgomo yakwa-Brambles Yezezinkundla Zezokuxhumana isebenza kubo bonke abasebenzi abasebenzela abakwa-Brambles nezinkampani ezingaphansi kwabo.

Yini izinkundla zezokuxhumana?

Izinkundla zezokuxhumana zibandakanya zonke izindlela zokuxhumana noma ukuphosta ulwazi noma okuthile kwanoma yiluphi uhlobo ku-inthanethi nazo zonke izinhlobo zokusetshenziswa kwekhompyutha ukuxhumana nabantu. Izingosi zezinkundla zezokuxhumana zingaba yizinhlobo ezahlukene, kubandakanya, kodwa kungacini, kumabhulogi akho noma awabanye abantu noma ama-microblog (isib. u-Twitter, Tumblr), imiphakathi yolwazi (isib. YouTube), amasayithi kaqedisizungu nawomsebenzi (isib. Facebook, LinkedIn), amabhodi ezithangami zokuxoxisana (isib. Whirlpool, Google Groups), ama-encyclopaedia aku-inthanethi (isib. Wikipedia) nezinkundla zemidlalo ku-inthanethi (isib. i-World of Warcraft, i-Second Life).

Ukusetshenziswa kwezinkundla zezokuxhumana kuyakhula futhi ziya ngokuya zidlondlobala ngamandla. Le nqubomgomo iphinde ikhave ezinye izisetshenziswa zesikhathi esizayo zezinkundla zezokuxhumana nganoma yiluphi uhlobo eziyoqhamuka ngalo.

Kungani abakwa-Brambles bebhale inqubomgomo yezezinkundla zezokuxhumana?

Njengenkampani esebenzayo emphakathini, abakwa-Brambles - kanjalo, nabasebenzi bakhona - kufanele bagcine amazinga athile uma kukhulunywa ngokuxhumana, ngaphakathi nangaphandle. Izimiso ezifanayo nemihlahlandlela etholakala kuzinqubomgomo zakwa-Brambles, kubandakanya Imigomo Yokuziphatha Okuhle kanye nosoMqulu we-Zero Harm, kusabhekise nalokho okubhalwe ku-inthanethi, kubandakanya lokho okuhlobene nezinkundla zezokuxhumana. Ekugcineni, umuntu ngamunye unesibopho sokuphendula ngalokho akubhala ku-inthanethi. Ngaphambi kokubhala okuthile ku-inthanethi, kusemqoka ukucabanga ngobungozi nemihlomulo ebandakanyekayo. Ungakhohlwa ukuthi noma yikuphi ukuziphatha kwakho okungathikameza kabi indlela osebenza ngayo, indlela yokusebenza kozakwenu, noma kuthikameze kabi amakhasimende, abahlinzeki, noma abantu abasebenza egameni lakwa-Brambles noma izinkampani ezingaphansi kwabo kungaholela ekuqondisweni kwezigwegwe nokungaphetha ngokuxoshwa emsebenzini. Ukuphosta okungafanelekile kungabandakanya amagama anokucwasa, ukuhlukumeza, nezinsongo zodlame noma ukuziphatha okungafanelekile noma okungekho emthethweni, noma okudalula ulwazi oluyimfihlo lwaka-Brambles, amakhasimende akhona noma abahlinzeki kanye nezindaba ezihlobene nabasebenzi bakhona ngeke kubekizelelwe.

Kwenzekani uma umuntu ephula imigomo yale nqubomgomo?

Ukuhluleka ukulandela le nqubomgomo kungase kuholele ekuthathelweni izinyathelo zokuqondiswa kwezigwegwe kumsebenzi noma abasebenzi, noma kuphethe ngokuxoshwa emsebenzini. Kungase kuphethe nangokuthathelwa izinyathelo zomthetho yizingxenye eziseceleni kwenkampani noma umsebenzi oyedwa noma ngaphezulu. Ungathumela nge-imeyli noma yimiphi imibuzo noma amazwi okuphawula lapha [**socialmedia@brambles.com**](mailto:socialmedia@brambles.com).

Izibopho Zempumelelo yale Nqubomgomo

Ibhodi yakwa-Brambles inesibopho esiphelele ngale Nqubomgomo. IPhini likaMongameli, Uphiko Lwezobudlelwano Kwezotshalomali Nezindaba Zenkampani linesibopho sansukuzonke sokubhekelela le nqubomgomo futhi kufanele liqinisekise ukuthi bonke abasebenzi bathola ukuqeqeshwa njalonzalo futhi okufanelekile.

IPhini likaMongameli, Uphiko Lwezobudlelwano Kwezotshalomali Nezindaba Zenkampani, ngokusebenzisana neBhodi, lizobukeza le Nqubomgomo ngasohlangothini lwezomthetho kanye nokwenziwa komsebenzi okungenani kanye ngonyaka. Le Nqubomgomo ayiyona ingxenye yenkontileka yabasebenzi, noma kungenjalo yenziwe, futhi ingachitshiyelwa ngokuhamba kwesikhathi. Abasebenzi bayamenywa ukuba baphawule mayelana nale Nqubomgomo futhi baveze nezinye izindlela ezingasetshenziswa ukuze yenziwe ngcono. Amazwi okuphawula noma imibono kumele kubhekiswe kulo iPhini likaMongameli, Uphiko Lwezobudlelwano Kwezotshalomali Nezindaba Zenkampani.

Bonke abasebenzi okungumsebenzi wabo ukuphumelela kwale Nqubomgomo. I-Brambles yakha izindawo zokusebenza lapho kunokuxhumana okuvulelekile nokuthembeka phakathi kwabo bonke abasebenzi kuyigugu futhi kuhlonishwa. Uma unanoma yimiphi imibuzo mayelana nale nqubomgomo, noma uma ungathanda ukubika ngokwepulwa kwayo, sicela ukhulume nemenenja yakho, noma yiliphi ilungu leThimba Lezomthetho noma Lakwandabazabantu, noma-ke i-Speak Up hotline. Njengokusho kweNqubomgomo yakwa-Brambles i-Speak Up, akukho kuphindiselwa noma ukujeziswa okuzokwenzeka kumsebenzi ophakamise ukukhathazeka mayelana nale nqubomgomo. I-Brambles izibophezele ekuphenyeni, ukubhekana, kanye nokuphendula konke ukukhathazeka kwabasebenzi kanye nokuthatha izinyathelo ezifanele zokulungisa lokho okuphakanyiswe njengokuphulwa kwayo.